eUMASIPALA WASEMSUNDUZI

IKOMIDI LEZEZINSIZA ZOMPHAKATHI NOKULINGANISWA KWAMAZINGA ENHLALO

UMHLANGANO OWAWUBANJELWE EGUMBINI LOMKHANDLU , EHHOLO LEDOLOBHA NGO **LWESIBILI , 10 OKTHOBA 2006 NGO 09:00**

ABABEKHONA : OKhansela FN Mbatha (uSihlalo), TI Dlamini, M Inderjit, SP Lyne, S Majola, SW Mchunu, SN Naidoo, L Ngcobo, S Ngcobo, SJ Seymour no M Thebolla .

ABABENGEKHO : OKhansela SC Gabela (owayengemnandi), TD Ntombela (owayengemnandi) .

ABANYE ABABEKHONA : OKhansela DP Zondi no WF Lambert .

ABAPHATHI ABABEKHONA : Dr Nkosi (owayemele iMenenja kaMasipala) , AbaNumz M Zuma (iMenenja yoMkhakha : emnyangweni wezokuThuthukiswa koMphakathi), R Rajah (iMenenja : emnyangweni wezokuBhekelelwa kokuthuthwa kwemfucuza) no Nkosz S Khanyile (umaBhalane weKomidi).

ABANYE ABABEKHONA : UMnuz J Kamau (onguMqondisi : kwa Ritlee) .

1. <u>UKWAMUKELWA NEZIXOLISO</u>

USihlalo wemukela bonke ababekhona emhlanganweni wase ebabonga ngokuwuhambela .

Izicelo zamalivu zatholakala ziqhamuka koKhansela TD Ntombela no SC Gabela bobabili ababengemnandi .

Kwabe seku

NQUNYWA

Ukuthi oKhansela TD Ntombela no SC Gabela banikezwe ilivu emhlanganweni wezeziNsiza zoMphakathi nokuLinganiswa kwaMazinga eNhlalo owawubanjwe ngomhlaka 10 Okthoba 2006 .

2. <u>UKUQINISEKISWA KWAMAMINITHI</u>

Amaminithi omhlangano owawubanjwe ngomhlaka 29 Agasti 2006 .

(Ikhasi 1 kuAjenda)

Kwabe sekunqunywa ukuthi amaminithi omhlangano owawubanjwe ngomhlaka 29 Agasti 2006 aqinisekiswe ngokwalesisichibiyelo esilandelayo .

Iphuzu 6 ekhasini 3 umusho wokugcina kufanele ufundeke kanje ‘’**isicelo**‘’ .

3. <u>ISETHULO SOKUXHOZWA KWEZINGODO NOKWAKHIWA KOMQUBA SENZIWA NGU-RITLEE</u>

Kwaphawulwa .

4. ISETHULO NGAKWEZEZIMALI : IMENENJA ELEKELELA NGASOHLANGOTHINI LWEZEZIMALI

Udaba lwabuyiselwa eceleni ngenxa yokungatholakali kwesiphathimandla esqondene naloludaba .

5. UMBIKO WAKAMUVA NGEPROJEKTHI GREATER EDENDALE INITIATIVE

Loludaba lwabekwa eceleni ukuba ludluliselwe emhlanganweni olandelayo .

1. **UCWANINGO KWEZOLIMO NGAPHANSI KWE-GREATER EDENDALE DEVELOPMENT INITIATIVE**

Loludaba luhoxisiwe ngoba lwadingidwa yiKomidi lwase ludluliselwa esiGungwini esiKhulu .

7. EZINYE ZEZINDLELA NAMASU ANGASETSHENZISWA EKULAWULWENI KOKUTHUTHWA KWEMFUCUZA

IMenenja : Emnyangweni wezokubhekelelwa kokuthuthwa kwemfucuza yabika ngemisebenzi yomnyango wezokubhekelelwa kwezokuthuthwa kwemfucuza yabuye yaveza nezindlela namasu okuletha usizo nakulezozindawo ebezingekho ngaphansi koMkhandlu .

Kwabuzwa ukuthi ngabe wonke amaKhansela eziGceme athintekayo kuloludaba azisiwe nokuthi uma kunjalo ngabe azibuyisa yini izimpendulo . Kwabe sekuvela ukuthi iSethulo noma isiKhangiso 1 sasidukile nokuthi lesosiKhangiso 1 sabe singuSection 78 .

Emva kokuqhubeka nokubonisana , iKomidi labe selithatha isinqumo sokulubeka eceleni loludaba kuze kutholakale imininingwane ngombiko kaSection 78 nokubhekisiswa kwemisebenzi yomnyango wezokuLawulwa kokuthuthwa kweMfucuza .

Kwqabe seku

NQUNYWA

Ukuthi umbiko ubekwe eceleni kuze kube kulethwa umbiko obhekisisiwe ka Section 78 ohlanganisa wonke umsebenzi kaMasipala awenzelwa yizinkontilaki ezikhona njengamanje .

8. IBHANGE LEZENTUTHUKO LASE SOUTH AFRICA – ISIKHWAMA SOKULEKELELA EZIMWENI ZEZIKHUKHULA

Iphuzu lahoxiswa .

1. ISIFO SOFUBA ESINENKANI NESINGAWAZWELI AMAKHAMBI

Umbiko wangomhlaka 20Septhemba 2006 waloyo owayeyiBamba esiKhundleni seMenenja yemiKhakha : Umnyango wezeMpilo nokuLinganiswa kwamaZinga emiSebenzi .
Kwaphawulwa

Umhlangano waphela ngo 12:0
Aqinisekisw
USIHLALO